



# **basic education**

**Department:  
Basic Education  
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA**

**NATIONAL  
SENIOR CERTIFICATE**

**IBANGA LE-12**

**ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)**

**IPHEPHA LESIBILI (P2)**

**NOVEMBA 2015**

**AMAMAKI: 80**

**ISIKHATHI: Amahora ama- $2\frac{1}{2}$**

**Leli phepha linamakhasi angama-30.**

## **IMIYALELO KANYE NOLWAZI KWABAHLOLWAYO**

1. Fundisa kahle imiyalelo ngaphambi kokuba uqale ukuphendula imibuzo.
2. Ungafundi imibuzo yonke yephepha. Qala ubheke uhla lokuqukethwe olukhonjisiwe bese ukhetha imibhalo oyifundile kulo nyaka. Emuva kwalokho, funda imibuzo yaleyo mibhalo bese ukhetha imibuzo ozoyiphendula.
3. Leli phepha LINEZIQEPHU EZINTATHU:
 

ISIQEPHU A:	Izinkondlo	(30)
ISIQEPHU B:	Inoveli/Ubucliko bomlomo	(25)
ISIQEPHU C:	Umdlalo	(25)
4. Phendula imibuzo EMIHLANU isiyonke: ISIQEPHU A: Imibuzo EMITHATHU, ISIQEPHU B: Umbuzo OWODWA, ISIQEPHU C: Umbuzo OWODWA njengoba kukhonjisiwe.
 

ISIQEPHU A: IZINKONDLO  
  IZINKONDLO EZIMISELWE – Phendula imibuzo EMIBILI.  
  INKONDLO ENGAMISELWE – UPHOQELEKILE ukuphendula lo mbuzo.

ISIQEPHU B: INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO  
  Phendula umbuzo OWODWA.

ISIQEPHU C: UMDLALO  
  Phendula umbuzo OWODWA.
5. INDLELA YOKUPHENDULA IMIBUZO YESIQEPHU B (INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO) KANYE NEYESIQEPHU C (UMDLALO).
  - Phendula KUPHELA imibuzo yenoveli/ubuciko bomlomo kanye neyomdlalo owufundile.
  - Phendula UMBUZO OWODWA OMUDE kanye NOWODWA OMFUSHANE. Uma ukhetha ukuphendula umbuzo omude ESIQESHINI B, kufanele uphendule umbuzo omfushane ESIQESHINI C. Uma ukhetha ukuphendula umbuzo omfushane ESIQESHINI B, kufanele uphendule umbuzo omude ESIQESHINI C. Sebenzisa uhla oluyinkomba lokuphendulwa kwemibuzo ukuze lukwelekelele ekukhetheni imibuzo.
6. UBUDE OBULINDELEKILE BEZIMPENDULO
  - Impendulo yombuzo omude ezinkondlweni mayibe ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240.
  - Izimpendulo zemibuzo emide enovelini/ebucikweni bomlomo kanye nasemdlalweni mazibe ngamagama angama-340 kuya kwangama-390.
  - Ubude bezimpendulo zemibuzo emifushane buyolekelelw amamaki anikeziwe okuyiwona ayolawula ohlolwayo ukuthi kumele aphendule kangakanani. Abafundi mabaqaphele ukuthi bangathemelezi kodwa baphendule okubuziwe.
7. Landela ngokucophelela imiyalelo oyinikeziwe ekuqaleni kwaleso naleso siqephuh.

8. Qaphela ukuthi izinombolo ozisebenzise ezimpendulweni zakho ziyahambisana nalezo eziisetshenziswe abahlolayo emibuzweni.
9. Qalisa isiqephu NGASINYE ekhasini ELISHA.
10. Ukusetshenziswa kwesikhathi kungahlelwa ngale ndlela:  
**ISIQEPHU A:** Imizuzu engama-40  
**ISIQEPHU B:** Imizuzu engama-55  
**ISIQEPHU C:** Imizuzu engama-55
11. Bhala ngobunono nangesandla esibonakalayo.

**OKUQUKETHWE****ISIQEPHU A: IZINKONDLO****Izinkondlo ezimiselwe: Phendula noma ngabe yimiphi imibuzo EMIBILI.**

INOMBOLO YOMBUZO	UMBUZO	AMAMAKI	INOMBOLO YEKHASI
1. 'Uyobongwa/Uyobongwa Njalo'	Umbuzo omude	10	6
2. 'Wawungazi'	Umbuzo omfushane	10	7
3. 'Ngingephile Ngaphandle Kwakho'	Umbuzo omfushane	10	8
4. 'Yekanini Ukungazi'	Umbuzo omfushane	10	9

**KANYE****Nenkondlo engamiselwe: Uphoqelekile ukuphendula lo mbuzo.**

5. 'Kunye Ukuphila Kwami'	Umbuzo omfushane	10	11
---------------------------	------------------	----	----

**QAPHELA:** Phendula UMBUZO OWODWA OMUDE kanye NOWODWA OMFUSHANE. Uma ukhetha ukuphendula umbuzo omude ESIQESHINI B, kufanele uphendule umbuzo omfushane ESIQESHINI C. Phendula umbuzo OWODWA ESIQESHINI B kanye ESIQESHINI C.

**ISIQEPHU B: INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO****INOVELI: Phendula umbuzo OWODWA kule noveli emiselwe.**

6. Bengithi Lizokuna	Umbuzo omude	25	12
7. Bengithi Lizokuna	Umbuzo omfushane	25	12
8. Usumenyezelwe-ke Umcebo	Umbuzo omude	25	15
9. Usumenyezelwe-ke Umcebo	Umbuzo omfushane	25	15
10. Kunjalo-ke	Umbuzo omude	25	18
11. Kunjalo-ke	Umbuzo omfushane	25	18

**NOMA**

**UBUCIKO BOMLOMO: Phendula umbuzo OWODWA kolobu buciko bomlomo obumiselwe.**

12. Uju Lwezizukulwane	Umbuzo omude	25	21
13. Uju Lwezizukulwane	Umbuzo omfushane	25	23

**ISIQEPHU C: UMDLALO****Phendula umbuzo OWODWA kule midlalo emiselwe.**

14. Kudela Owaziyo	Umbuzo omude	25	25
15. Kudela Owaziyo	Umbuzo omfushane	25	25
16. Awuwelwa UMngeni	Umbuzo omude	25	28
17. Awuwelwa UMngeni	Umbuzo omfushane	25	28

**QAPHELA:** Phendula UMBUZO OWODWA OMUDE kanye NOWODWA OMFUSHANE ESIQESHINI B kanye ESIQESHINI C. Akuvumelekile ukuphendula imibuzo EMIBILI emide noma EMIBILI emfushane.

**Uhla oluyinkomba yokuphendulwa kwemibuzo.**

Emuva kokuphendula imibuzo yaleli phepha sebenzisa lolu hla oluyinkomba yokuphendulwa kwemibuzo ukuze ubi nesiqiniseko sokuthi uyikhethi ngokufanele imibuzo okulindeleke uyiphendule.

ISIQEPHU	INOMBOLO YEMIBUZO	INANI LEMIBUZO EPHENDULIWE	THIKA
A: Izinkondlo (Ezimiselwe)	1–4	2	
A: Inkondlo (Engamiselwe)	5	1	
B: Inoveli (Umbuzo omude NOMA omfushane)	6–11	1	
B: Ubuciko bomlomo (Umbuzo omude NOMA omfushane)	12–13	1	
C: Umdlalo (Omude NOMA omfushane)	14–17	1	
<b>QAPHELA:</b> ESIQESHINI B no C, qinisekisa ukuthi uphendule umbuzo OWODWA OMUDE kanye nombuzo OWODWA OMFUSHANE. Awuvumelekile ukuphendula imibuzo EMIBILI emide noma imibuzo EMIBILI emifushane.  ESIQESHINI B, khetha phakathi kwenoveli nobuciko bomlomo, uphendule UMBUZO OWODWA, ungaphenduli ngazo zombili lezi zinhlobo zemibhalo.			

**ISIQEPHU A: IZINKONDLO****IZINKONDLO EZIMISELWE**

Phendula noma yimiphi imibuzo EMIBILI kulena emine ebuziwe elandelayo.

**UMBUZO 1 (UMBUZO OMUDE)**

Fundisa le nkondlo bese uphendula umbuzo olandelayo.

**UYOBONGWA/UYOBONGWA NJALO – NL Luthuli**

- 1 Wathath' imicabango nemizwa
- 2 Wakusheba nongwaqa nonkamisa
- 3 Owabancel' ebeleni.
- 4 Ukubamb' izinkanyezi kwakho kwasiza,
- 5 Walubamb' usiba kwaphum' izinkondlo.
- 6 Wabongwa.
- 7 Ngokuphazima kweso benganakil' abantu.
- 8 EManyiseni sebekhiph' uqweqwe
- 9 Isifundiswa sesithenjwa sakoMathenjwa
- 10 Esiklwiklwiza ngosiba nxa kuvuk' usinga
- 11 Kukhihlike ingwebu yolwaz' engqondweni,
- 12 Namhlanje bayabonga ngaso.
- 13 Ngomzuzwana ungakazinzi
- 14 Phansi komthunzi welanga,
- 15 Usucathulise wachushisa wacongisa,
- 16 Kwaphum' izingqwayingqwayi zezifundiswa,
- 17 Eziphekwe kweyakh' imbiza.
- 18 Namhlanje ziyahalalisa ngenjabulo
- 19 Namhlanje uyabongwa yizo.
- 20 Kuzwakal' inhlokomu namacilongo.
- 21 Kuzamazam' izizwe zonke uyabongwa.
- 22 Nawe jabula uhalalis' uzibongele.
- 23 Likhul' igalel' osulenzile.
- 24 Usuyibekil' induk'ebandla.
- 25 Ufanel' ukubongwa.
- 26 Asebadlul' emhlabeni bekwazi
- 27 Ukuphekwa kweyakh' imbiza,
- 28 Babonga bayanconcoza.
- 29 Nanamhlanje lokh' usabongwa.
- 30 Uyoshabalala kuhle kotalag' emehlwani
- 31 Alo mhlaba omagade,
- 32 Nokho liyosal' igama lakho,
- 33 Liphile libongwe njalo njalo.
- 34 Ufike nakwelamathongo, libongw'
- 35 Elakh' igama.

36 USomandl' akakuhol' ezinyathukweni.  
 37 Zakh' akuhlahlamelise.  
 38 Uz' ukhehlisw' isicoco sokunqoba.  
 39 'Ze ubongwe nayizizukulwane,  
 40 Laph' usuzikhombisil' indlela yempumelelo  
 41 Ngodondolo Iwamaqhawe.

Xoxa ngempumelelo yembongi ekusebenziseni isakhiwo sangaphandle/ukubumbeka kwenkondlo. Impendulo yakho maybe ubude obuphakathi kwamagama ayi-190 kuya kwangama-240. Ulindeleke ukuba uphendule lo mbuzo njenge-eseyi.

Impendulo mayibhekiswe kulokhu okulandelayo:

- Makuchazwe isakhiwo sangaphandle/ukubumbeka kwenkondlo.
- Makuphawulwe ngokucaphuna izibonelo zesakhiwo sangaphandle.

[10]

## NOMA

### UMBUZO 2 (UMBUZO OMFUSHANE)

Fundisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

#### WAWUNGAZI – BP Dlamini

1 Yek' usazigqaja,  
 2 Uhamba laph' uthanda khona.  
 3 Utetemuk' uchiz' ukotshi.  
 4 Yek' ugqigqizel' ugqaggamuka,  
 5 Ugqamuka kuhle kwamalangabi,  
 6 Uhambela phezul' uzithwele,  
 7 Wadilika kuhle kobonda  
 8 Baph' owawungumshungu nabo?  
 9 Nibakhulu nakunoMdali  
 10 Ngab' ukhon' ongangaye?  
 11 Namuhla ulothil' uluphele,  
 12 Uthithibel' okwenkukhu,  
 13 Uyothile wayetha,  
 14 Wathobel' umthetho.  
 15 Wawungaz' ukuthi koba nje,  
 16 Namuhla usothalini,  
 17 Ulothisiwe wathotshiswa.  
 18 Ufunde kanzima,  
 19 Wafunda ngokubona,  
 20 Yeka usagqagqamuka uzigqaja.

2.1 Caphuna umugqa OWODWA oqukethe ifanamsindo ebinzeni lesi-2 bese usho ukuthi liluhlobo luni.

(2)

- 2.2 Xoxa ngomqondo oqukethwe ibinza lesi-4 kule nkondlo. (2)
- 2.3 Chaza kafushane ngomyalezo wale nkondlo. (2)
- 2.4 Ngabe ukusetshenziswa kokuxhumana okusemgqeni we-18 kuya kowe-19 kunamthelela muni ekuqondeni leli binza? (2)
- 2.5 Phawula ngokuthi imbongi iphumelele kanjani ukusebenzisa ukuhleleka kwemigqa ukugqamisa isigqi emgqeni we-11 kuya kowama-20. (2)  
[10]

**NOMA****UMBUZO 3 (UMBUZO OMFUSHANE)**

Fundisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**NGINGEPHILE NGAPHANDLE KWAKHO – P Ngubo**

- 1 Ngaphandle kwakho ngingephile,  
 2 Wen' oyisihluthulelo semizwa nenjabulo,  
 3 Wen' oleth' inkazimul' ebumnyameni,  
 4 Wen' oyisisekelo nodondolo lwami.
- 5 Ngingaphila kanjani ngingasabuthokozel' ubumnandi bempilo?  
 6 Ngingathemba themba lini ususithele wena themba lami?  
 7 EzikaSomandla ngihlala ngisikhilala themba lami,  
 8 Sondela sithintanis' izindebe ngizwe ukuthokomala kwenhliziyo.
- 9 Ngisala ngihogela usi  
 10 Laph' usungishikilele wangnik' isiphundu,  
 11 Ngikhumbul' izihasho laph' usungiwotawota,  
 12 Ngithokoze ngizw' ukugida kwesifuba  
 13 Kuyobanjani laph' usunginik' isiphundu,  
 14 Walibhekisa kwaVezunyawo?
- 15 Ngisal' ezintabenzi zangakithi ngibe isiduphunga,  
 16 Ontanga baviyoz' imilozi mina ngidlal' umzwangedwa,  
 17 Lo mzwangedwa uthi awuz' ukuba umhobholo,  
 18 Ngibe umbulali obulal' impilo emnandi?
- 19 Ukuthokomala akukh' empilweni yesidalw' esiyigobongo,  
 20 Intokoz' ingiqhelele ngijezis' iqhawekaz' elibomvu,  
 21 Ngiphambike ngibhek' izinkangala zehl' ezimathonsi,  
 22 Ngiyoqalaza ngibon' igodi umhlab' usungishayile,  
 23 Ingabe kunjalo nakuwe Bhungane omuhle?

- 3.1 Gagula isifenqo esiqukethwe amazwi adwetshelwe emgqeni wesi-4 nomqondo esiwuggqamisayo kuleli binza. (2)

- 3.2 Chaza kafushane umoya wenkondlo oqukethwe ibinza lesi-5. (2)
- 3.3 Yini inhoso yembongi ekusebenziseni imvumelwano emgqeni we-11 kanye nowe-12? (2)
- 3.4 Ucabanga ukuthi sizathu sini esenza imbongi iphindaphinde igama elithi 'themba' emgqeni wesi-6 kule nkondlo? (2)
- 3.5 Ngokwakho ukubona ngabe imbongi iphumelele yini ukusebenzisa isimo sokukhuluma esisemgqeni wesi-9? Sekela impendulo yakho ngokuba usho uhlobo lwasimo sokukhuluma kanye nokugqanyiswa yilesi simo sokukhuluma. [2] [10]

**NOMA****UMBUZO 4 (UMBUZO OMFUSHANE)**

Fundisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**YEKANINI UKUNGAZI – PB Vilakazi**

- 1 Kweyam' impilo yokungazi,  
 2 Ayequndekil' amehlo engaboni,  
 3 Kuboph' ufasimbe lwenkung' emqondweni,  
 4 Ngingaboni kuphuma nakushona kwelanga,  
 5 Konke kuyinal' engenakunqamuka,  
 6 Engenakushatshalaliswa nangamakloba  
 7 Ahangul' izikhotha zibhincele nxanye,  
 8 Zishintsh' imibala njengonwabu.
- 9 Kwakumnand' ukukhuluma ngokutetema,  
 10 Ngibik' ubuthakathaka ngokufehla,  
 11 Ngibik' indlala ngokudind' isililo,  
 12 Konke kujoj' inhliziyo kamama,  
 13 Angikhuselis' embelekweni ngijabule.
- 14 Kwakumnandi ngizikhomba ngizikhombile  
 15 Izidingo ezazithokozisa mina ngedwa,  
 16 Ngingenakumcabangel' omuny' umuntu  
 17 Ngob' engabalulekile njengami.
- 18 Emadlelwani ngangelusa ngokuthanda,  
 19 Ngibhushuzela ngemuva kwamathole,  
 20 Konke ngikwenza ngokuthanda,  
 21 Uma ngingathandi ngizigingqe phansi,  
 22 Ngibik' umkhuhlane ongayindawo,  
 23 Akhathazek' umama engaqondi.

24 Namuhla idamukil' inkungu,  
 25 Umqondo wokuzenzisa uhambile,  
 26 Unyamalale nobuncane bami,  
 27 Ngisele nemigoqo engancengi,  
 28 Engibondis' isijingi sokuxakeka,  
 29 Ngibasadondolozele kuphuk' udondolo,  
  
 30 Ukhakhayi lwephuz' ukuqina,  
 31 Ngibamb' insimb' eshisayo ngezandla,  
 32 Ngibhinc' izigege ezidilikayo,  
 33 Yizona njalo izithelo zombuso.  
  
 34 Sekungikhanye njenekhwezi lokusa,  
 35 Ngemuva kokucimeza kokugcina kukamama,  
 36 Ukuth' umhlaba uyakhulelw,  
 37 Angisenameluleki oyongiluleka njalo  
 38 Nalapho sengibulawa ngukuzibus,  
 39 Zonk' izintaba zempilo ziqongile,  
 40 Amadolo ami asuth' amanzi,  
 41 Sengathi lezi zinduku ziyangigojela.  
  
 42 Ngiyophunyuka kanjani kulawa maketango  
 43 Angixhakathis' izandla nezinyawo?  
 44 Ngiyolwa kanjani ngingenazikhali?  
 45 Wo! Akusenani nanxa zinginetha,  
 46 Sengiyokwendlalel' izintuthwan' egodini.

- 4.1 Tomula imigqa EMIBILI equukethe umqondo wokuthi konke okwakwenziwa yilo muntu okukhulunya ngaye kwakwenza unina amzwele. (2)
- 4.2 Mqondo muni oqukethwe ibinza loku-1 nelesi-5? (2)
- 4.3 Sizathu sini esenza imbongi isebeenzise umbuzombumbulu emgqeni wama-42 kuya kowama-44? (2)
- 4.4 Chaza ukuthi isifaniso esisebinzeni lesi-7 sinamthelela muni ekuqondeni kwakho leli binza. (2)
- 4.5 Phawula ngekhono lembongi ekukhetheni amagama aveza umqondo wokuthi yayikhululekile kakhulu ngesikhathi unina esaphila. Bhekisa impendulo yakho ebinzeni lesi-4. (2)

[10]

**KANYE**

**INKONDLO ENGAMISELWE**

**Uphoqelekile ukuphendula lo mbuzo.**

**UMBUZO 5 (UMBUZO OMFUSHANE)**

Fundisa le nkondlo bese uphendula umbuzo olandelayo.

**KUNYE UKUPHILA KWAMI – NF Mbhele**

- 1 Ngasuka ekungazini kobuwula,
- 2 Ngasubathel' ekungazini kokuhlakanipha,
- 3 Ngiyazundaza ngihlomel' ingomuso,
- 4 Ngihlafuna izindlubu namakhasi.
- 5 Olwami usuku lapha lunye vo,
- 6 Okwam' ukucathula kunye qhwaba,
- 7 Isidleke senzondo sihlanza ukufa,
- 8 Isidleke sothando singumfuma wempilo.
- 9 Buchopho bami chiba ngoSolutando,
- 10 USolutando oyisiqalo nesiphetho sami
- 11 Zandla zami julukani 'ze niphoziswe,
- 12 Ukuphoza ngisemfumbe akuzali kupoziwa.
- 13 Ofile namuhla ufile nangomuso,
- 14 Ophilayo namuhla uyaphila nangomuso.

[Icashunwe encwadini ethi, UNYAZI 3 – NF Mbhele]

- 5.1 Shono ukuthi luhlobo luni lwenkondlo lolu ngokwesakhiwo sayo bese wesekaza impendulo yakho. (2)
  - 5.2 Chaza kafushane okushiwo imbongi emgqeni wesi-9 kuya kowe-10. (2)
  - 5.3 Chaza ukuthi ukuhleleka kwemigqa yale nkondlo kunamthelela muni esigqini sayo. (2)
  - 5.4 Yini inhloso yembongi ekusebenziseni ukuxhumana okusemgqeni woku-1 nowesi-2? (2)
  - 5.5 Uyavumelana nokushiwo imbongi emgqeni we-13 nowe-14? Sekela impendulo yakho. (2)
- [10]**

**AMAMAKI ESIQEPU A:** **30**

**ISIQEPHU B: INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO**

Khetha uhlobo OLULODWA lombhalo phakathi KWENOVELI NOBUCIKO BOMLOMO, uphendule ngokulandela imiyalelo engezansi.

**INOVELI**

Phendula umbuzo OWODWA ngencwadi oyifundile.

**UMBUZO 6 (UMBUZO OMUDE)*****BENGITHI LIZOKUNA – NG Sibya***

Phawula ngeqhaza lalaba balingiswa; uNontobeko, uNdumiso, uXolani kanye noNgidi ekuthuthukiseni indikimba kule noveli ethi: *Bengithi Lizokuna*. Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 kuya kwangama-390. Ulindeleke ukuba uphendule lo mbuzo njenge- eseyi.

Impendulo mayibhekiswe kulokhu okulandelayo:

- Ukwethula nokuchaza indikimba neqhaza labalingiswa (abakwenzayo).
- Ukuphedula umbuzo ngokuphawula, ukucaphuna nokwesekela ngokwencwadi.
- Ukuveza uvo lwakho ngeqhaza labalingiswa ekuthuthukiseni indikimba yenoveli.

[25]

**NOMA****UMBUZO 7 (UMBUZO OMFUSHANE)*****BENGITHI LIZOKUNA – NG Sibya***

Fundisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

**ISIQESHANA A**

'Naningeabona yini abangani?' kubuza uNgidi ngelihocobele.

'Ngizokhuluma iqiniso nje baba. Sase singasebona, nanxa ngingeke ngithande ukusisho isizathu esasixabanisa, ngaphandle kokuthi ngisho ukuthi *the lifestyle that he had chosen* esikhali nje, yayingazwani nami,' esho ebipha kubonakala ukuthi uyayenyanya namanje le *lifestyle* akhuluma ngayo.

'Yiyiphi le *lifestyle* okhuluma ngayo bhuti?' kubuza uNontobeko emangele. Ngokumazi kwakhe yena uMhlensi wakhe waye ...

'Hhayi, kasingamxini uMandla ndodakazi. Lokho kuphakathi kwakhe nomngani wakhe. Kasingene thina ezingxabanweni zabo zobungani,' kuchaza uNgidi egwema ukuba kungenwe emininingwaneni ezoze ikhiphe le mfihlo yamanyala azama ukuwafihlela le ngane yabantu esasangene namanje ngendodana yakhe.

'Cha baba, mina ngibona ukuthi kokunye lokho bekungasinika nje i-clue ebingasenza mhlawumbe siwuthole umkhondo kaMhlensi.'

'Hhayi, kasingagxambukeli ezindabeni zabantu mntanami. Nginamanga yini Mandla?' embuza embuka sengathi uthi akavumelane naye. NoMandla kwaba sengathi uyasifunda isifiso sikaNgidi.

'Impela baba, *that was between the two of us*. Engingakusho nje ukuthi *I was hurt* kakhulu ngoba ngangimkhonzile umngani wakho. Kwahlupha khona uma esekhetha ukuba yisi ...' azibambe, anikine ikhanda, eneke izandla.

Cha, bavalelisa, bethembisana ukude bethintana uma kunomkhonjwana ovelayo. Badlulela eNtuzuma beyobheka uPhumlani naye owayengumngane omkhulu kaMhlensi besafunda eSultan.

- |     |   |     |
|-----|---|-----|
| 7.1 | Tomula umlingiswa onenkinga yokufihlelw imininingwane mayelana nempilo kaMhlensi kulesi siqeshana.                                  | (1) |
| 7.2 | Chaza okufanayo phakathi komlingiswa onguNgidi noMandla kulesi siqeshana.   | (2) |
| 7.3 | Chaza kafushane ngokwenziwa umlingiswa onguNgidi ukugwema ukuba umlingiswa onguMandla enabe <i>ngale-life style</i> akhuluma ngayo. | (2) |
| 7.4 | Ucabanga ukuthi ukuba umlingiswa onguMandla wakusho konke ayekwazi ngoMhlensi kwakuyomsiza kanjani uNontobeko?                      | (2) |
| 7.5 | Chaza ukuthi isenzo sikaNgidi noNontobeko sokuthungatha uMhlensi ngalolu hlobo siyigqamisa kanjani indikimba yale noveli.           | (3) |
| 7.6 | Uthini umbono wakho mayelana nesigameko sokushaywa kukaXolani nguNdumiso ngenkathi behlangana emgwaqweni?                           | (3) |

## **KANYE**

Fundisia lesi siqeshana senovel bese uphendula imibuzo elandelayo.

### **ISIQESHANA B**

Lwamshaya futhi uvalo. Wazibona eseconde emsamo watomula i-cd yeqembu lomculo i-Freshly Ground eyayimhlanyisa kakhulu kulezi zinsuku, eyidlala qede afikelwe izinyembezi. Wayivula ngesineke i-cd, wayifaka emshinini wakhe kanokusho, wakhetha ingoma eyayimgeza ngaphakathi. Yayisakhala le ngoma ngenkathi engqongqoza uXolani, engena sekukule ngxenye ethi:

*What would you do if you knew the truth  
What would you do if I told you  
The story of my life?*

Wangena lisabalisa kanjalo iphimbo lentokazi ecula phambili kule ngoma.  
'Waze wayidlala ingoma engiyithandayo,' esho emamatheka ebuka uMahlensi.  
'Uqinisile ukuthi uyayithanda? Mina iyangihlanyisa, iyangikhala, iyangi ...'

Wayesekhuluma yedwa uMahlensi ngoba umuntu ayethi uyamchazela wayesecula kanye nalo iculo, esebheke phezulu, esho ngelimitoti iphimbo leli. Wamelekelela noMahlensi, wo bacula bakithi, babheka phezulu, babambelela ezinhliziyweni, baphosa izandla emoyeni, bagcina sebesondelene, bagqolozelana emehlwani besalokhu beculile.

Lapho iphela khona ingoma babambana ngezandla babukana emehlwani, zasondelana kancane, kanye kanye izindebe zabo, zahlangana, zangana. Eside isikhathi.

'Mahlengi, ngiyakuthanda,' esho ngomunyu osucishe uphelezelwe yizinyembezi.  
 'Nami Xolani, ngiyakuthanda,' emkonkoshela futhi uXolani enamathela esifubeni sakhe.' Ungathi ngiyaphupha Mahlengi,' esho emdedela kancane emgqolozela ebusweni, elula isandla, ecumbaza izihlathi zakhe ngeminwe efudumele emfoma umjulukwana.  
 'Ngiyesaba kodwa. Nginovalo.'

- 7.7 Yisho ukuthi umlingiswa onguMahlengi uvezwe njengomlingiswa onjani. Bhekisa impendulo yakho emgqeni wokugcina kulesi siqeshana. (2)
  - 7.8 Xoxa kafushane ukuthi ingoma etholakala kulesi siqeshana ihambelana kanjani nolwazi lwaphambilini mayelana nempilo kaMahlengi. (3)
  - 7.9 Chaza ukuthi indikimba yale noveli ixhumana kanjani nesizinda ngokwesimo senhlalo. Bhekisa kulokhu okwenzeka kulesi siqeshana. (2)
  - 7.10 Izenzo zikaXolani kulesi siqeshana zimveza njengomlingiswa onjani? Sekela impendulo yakho. (2)
  - 7.11 Phawula ngokusetshenziswa kodweshu oluphakathi kukaNomthi noZakithi ekuphazamiseni inhloso kaNdumiso. (3)
- [25]

### NOMA

**UMBUZO 8 (UMBUZO OMUDE)****USUMENYEZELWE-KE UMCEBO – MJ Mngadi**

Phawula ngeqhaza lalaba balingiswa; uChule, uMaHadebe, uDaffo kanye noGenyeza ekuthuthukiseni indikimba kule noveli ethi: *Usumenyezelwe-ke Umcebo*. Impendulo yakho maybe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 kuya kwangama-390. Ulindeleke ukuba uphendule lo mbuzo njenge- eseyi.

Impendulo mayibhekiswe kulokhu okulandelayo:

- Ukwethula nokuchaza indikimba neqhaza labalingiswa (abakwenzayo).
- Ukuphedula umbuzo ngokuphawula, ukucaphuna nokwesekela ngokwencwadi.
- Ukuveza uvo lwakho ngeqhaza labalingiswa ekuthuthukiseni indikimba yenovel.

[25]

**NOMA****UMBUZO 9 (UMBUZO OMFUSHANE)****USUMENYEZELWE-KE UMCEBO – MJ Mngadi**

Fundisa lesi siqeshana senovel bese uphendula imibuzo elandelayo.

**ISIQESHANA A**

Walubamba uMirriam wabingelela. 'KuseMaNgwaneni lapha Nomvula. Yimina unyoko.' Wababaza uNomvula wathi, 'Hhawu Nkosi yami! Uwena mama?'

'Yimina impela mntanami. Kodwa ninjani lapho? Nisaphila?' 'Siyaphila mama okungasho lutho, noma kuseyimizuzu nje engemingaki umuntu ephunyuke emlonyeni wengonyama.'

'Ngiphuthume Nomvula. Kwenzenjani? Nami kade ngifikile edolobheni ngizama ukukushayela ucingo lungangeni, kwesinye isikhathi lungene lungathathwa muntu. Awusho-ke. Bese ubulalwa wubani?'

UNomvula wamlandisa ukusuka nokuhlala kwendaba, elokhu equme njalo unina.  
'Kodwa bakithi engowaphi nezwe yena lo muntu wakwaChule obethunywe yiNkosi?'

'O, mama owakhona lapha eThekwini.'

'Umuntu owethembekile kodwa?'

'Yebo mama. E- ..., yena uwubaba, e- ..., oke angibeke esiguqweni.'

'Wenza kahle mntanami ubambelele eNkosini eyisiphephelo saphakade. Uyibonile-ke iNkosi oyithandayo ikuthumelela isithunywa sayo esiwumhlengi wakho?'

Ihlezi kusofa imambane ewuChule, isize yadonseleka phambili, yamoyizela yaze yahlikihla amadolo izwa kuthintwa yona engxoxweni.

'Awuzifanisanga nokuthi zingobani izigebengu?'

'Phinde mama. Bekuyizinsizwa eseziqinile ezibukeka zingabantu abahlala endaweni yezimpi.'

'Ngibonga ukuthi usaphila. Mina bengithi kuyothi kuqambe kushaya lezi zikhathi bese ubanda. Nocingo lolu ngilushaya lungathathwa muntu nje ngukuthi usubulewe.'

'Kukhona yini nawe mama obusukuzwile?'

Wayizeka ayeyihletshelwe ngozungu olwaluboshwe noMahuzu.

'Isigebengu esiwumfowethu esiseGoli.'

'Sona kanye. Sivalelisile izolo, ... '

- 9.1 Ngokwesimo sokwenzeka kwezinto kulesi siqeshana yini eyayibangela ukuba uNomvula akhulume ngokungabaza ngenkathi unina embuza ngoChule? (1)
- 9.2 Kulesi siqeshana uMaNdelu uvezwa njengomlingiswa onenkinga. Chaza inkinga abhekene nayo. (2)
- 9.3 Chaza kafushane okwakwenziwa nguChule okwakukhombisa ukuthi iyamthokozisa ingxoxo kaMaNdelu noNomvula. (2)
- 9.4 Ucabanga ukuthi umlingiswa onguMaNdelu wayeyokwenzenjani ukuba wayelazi iqiniso? Bhekisa impendulo yakho emazwini kaMaNdelu adwetshelwe kulesi siqeshana. (2)
- 9.5 Chaza ukuthi isenzo sikaChule sokuhlenga uNomvula ngokwalesi siqeshana siyiggamisa kanjani indikimba yale noveli? (3)
- 9.6 Uthini umbono wakho mayelana nesigameko sokushaywa kwabantu nguGenyeza eThusini? (3)

### KANYE

Fundisia lesi siqeshana senovelis bese uphendula imibuzo elandelayo.

### ISIQESHANA B

'Engaqhutshisa okwesiboshwa, eyisiboshwa. Musa ukushinga lapha wena.' 'Phambili' emgqula eqolo ngomlomo wesibhamu. 'Uma unenkani ngizohlala ezincingweni ngitshela abasejele ukuthi abakulande siboshwa. Phambili. UNomvula nabathengi nezisebenzi bambuka abawakhola amehlo.'

'Gamalakhe!' UChule ebiza esinye isisebenzi. 'Gcwalisa amanzi ebhakedeni, unglethele wona nezindwangu nebhulashi lokukolobha phansi, noshibhoshi. Phangisa!'

Ibhungu lakwaDuma laphuthuma, lakuthi qithi konke phambi kwabo. UChule wawuqulela phakathi ushibhoshi kwamhlophe ibhakede, wayesethi kuDaffo, 'Thatha nanti ibhakede ngizokutshengisa umsebenzi.'

'Awusasho nokuthi angithengise esitolo okungenani? Ungikolobhisa kanjani phansi wazi kahle ukuthi ngifundisiwe, nasejele bengiwumabhalane?'

'O, ngikuphindisele khona nobhala?'

Wathula uDaffo wazibuka, wayesebuka uChule nebhakede ngokumenyanya. Walithatha ibhakede nezimfanelo zalo wamlandela. 'Uzoqala lapha-ke Mondise,' ekhomba phansi ngesicathulo, 'uyikolobhe uyijikeleze yonke isuphamakethe.'

Wamshiya kanjalo wayozimela buqamama edimedede emjeqeza.

UDaffo wayikhuphula i-ovaroli ezithweni. Waguqa wawuqala umsebenzi elokhu eshendela ngamadolo, abuye athintithe nezandla umphethe umshisa ushibhoshi. Ibuhlungu inhlizyo waze waqala nehubo lokholo walimungunyisa okwenyosi. Kwaba sengathi wayemuzwa uChule, wasondela wamzungeza ngesineke ebelethe izandla.

Wayebuye athi, 'Amanzi belu ayachithwa uma esengcole kakhulu, uthelwe futhi noshibhoshi ngoba lapha ekhaya asiwuthengi, siyawuthatha.'

UDaffo wayemuthi janti ngeso lengulube ilambil, avove indwangu aqhubeke. Makhathaleni wasukumisa okwexhegu equma, namadolo esemnyama suce yinsila, amanzi angcolile ehla ngemicondo.

- 9.7 Kwakubangelwa yini ukuba uNomvula nezisebenzi bangawakhola amehlo abo uma bebona uChule egqula uDaffo ngomlomo wesibhamu? (2)
- 9.8 Xoxa kafushane ukuthi isigameko sokuthengwa kukaDaffo nguChule ejele sixhumana kanjani nolwazi lwakho lwencwadi mayelana nobudlelwane balaba balingiswa. (3)
- 9.9 Chaza ukuthi ukuziphatha komlingiswa onguDaffo okuholele kulokhu okwenzeka kulesi siqeshana kuxhumana kanjani nesizinda ngokwesimo senhlalo. (2)
- 9.10 Izenzo zikaChule kulesi siqeshana zimveza njengomlingiswa onjani? Sekela impendulo yakho. (2)
- 9.11 Phawula ngokusetshenziswa kodweshu oluphakathi kukaGenyeza noDaffo kwaDicey ukuze kufezeke inhoso kaChule ngoNomvula. (3)
- [25]**

**NOMA**

**UMBUZO 10 (UMBUZO OMUDE)****KUNJALO-KE – ME Wanda**

Phawula ngeqhaza lalaba balingiswa; uThisha uMoloi, uSithole, uDumazile kanye noMthovovo ekuthuthukiseni indikimba kule noveli ethi: *Kunjalo-ke*. Impendulo yakho maybe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 kuya kwangama-390. Ulindeleke ukuba uphendule lo mbuzo njenge- eseyi.

Impendulo mayibhekiswe kulokhu okulandelayo:

- Ukwethula nokuchaza indikimba neqhaza labalingiswa (abakwenzayo).
- Ukuphedula umbuzo ngokuphawula, ukucaphuna nokwesekela ngokwencwadi.
- Ukuveza uvo lwakho ngeqhaza labalingiswa ekuthuthukiseni indikimba yenovel.

[25]

**NOMA****UMBUZO 11 (UMBUZO OMFUSHANE)****KUNJALO-KE – MJ Wanda**

Fundisa lesi siqeshana senovel bese uphendula imibuzo elandelayo.

**ISIQESHANA A**

'Kodwa mina mfowethu ngisola uMajwara kulolu daba.

Nguyenena lona ocishe wahlakaza umuzi wakho. Yonke imizi kuyaxatshanwa, kodwa kubuye kuxolelwane. Uma wena wawukhulunyiswa wukuthukuthela, sasingekho nesincane isidingo sokuba yena athathe ukuthukuthela kwakho ayokuthi nzi kuMaNdovela.'

Anqekuzise ikhanda uKheswa ekhombisa ukuthi uyahambisana nenkulumo kadadewabo. UMaKheswa wabe eseqondana ngqo noMaNdovela:

'Mfazi womfowethu, uboqaphela ngokuzayo. UMaJwara ubefuna ukunixabanisa ninoMjanyelwa.'

'Ngangizothini phela mina uma uMajwara engitshela ukuthi uyise kaDumazile usengilolele imbazo yokungigengca?'

'Yena wagengcwya ngubani ngenkathi eyakhe ingane ibuya nesisu ekolishi? Ubefuna ukuba nihlukane ninoMjanyelwa, bese yena enzani? Awuboni kodwa MaNdovela ukuthi lo mfazi uyinyoka? Uma ungakaboni asazi! Abahlakaniphile kodwa bathi utshani obulele buvuswa ngomlilo.' UMaNdovela waqala naye manje ukumbona ngelinje iso uMajwara, wafikelwa wukungamethemb. UMaKheswa walanda-ke ukuthi wayevuke ekuseni kangaka nje kwakwenzenjani.

'Nami bengithi ngizokwenzela umfowethu umphako njengoba bebezokuba nohambo lokuyolanda wena MaNdovela kusasa. Kuthe uma sekuqedive ukuxoxa emhlanganweni, kwathiwa uMajwara nguyenena ozokwenzela umfowethu umphako. Ngibhoke ngakhahlela, ngathi ngeke owakwethu umntwana enzelwe nguMajwara.

Igomondela alifukuthe?' Wabe esekhipha-ke izimpahla ayeziphethe ezokwenzela ngazo umfowabo umphako. Kwakukhona nesiteki senyama. Wathatha wathi:

'Sala usushisela umfowethu le nyama MaNdovela ngoba uhambo alusekho.'

- 11.2 Chaza ukuthi uMaKheswa umveza njengomlingiswa onjani uMaJwara mayelana nobudlelwane bukaKheswa noMandovela. (2)
- 11.3 Chaza kafushane isigameko esacishe sahlakaza umuzi kaKheswa ngokwalesi siqeshana. (2)
- 11.4 Ucabanga ukuthi indlela avezwe ngayo umlingiswa onguMaNzimande wayeyokwenzenjani ukuba walithola iqiniso ngamanga awatshelwa nguLizzy? (2)
- 11.5 Chaza ukuthi ibinzana lamagama elidwetshelwe enkulumeni kaMaKheswa kulesi siqeshana limveza njengomlingiswa onjani. Sekela impendulo yakho. (3)
- 11.6 Uthini umbono wakho mayelana nesigameko sikaSithole sokushaya uMoloi eMafezini? (3)

### KANYE

Fundisa lesi siqeshana senovelis bese uphendula imibuzo elandelayo.

#### ISIQESHANA B

'Ngubani le ndoda obumi nayo?' Aqale athule uDumazile engazi ukuthi uzoyibeka kanjani inkulomo. Kwathi ekugcineni wabona ungekho umasiza.

'Nguyise kaMtholephi.' Wagqunqa waba mnyama ngesikhathi uMtalaSelwa.

'Nisathandana naye?' esho emjamela ngezimbokodwe zamehlo.

'Cha ube ...' Izinyembezi zivele zigcwale amehlo, abibitheke, akhicileke.

'Nx, demede! Uhamba ukwenza kukulungela!' Wathi lacu, wamuthi wu wu ngempama; wayesemuthi xhafa ngenqindi, wakhi khilikithi phansi! Wathatha ukhiye wemoto, waphuma. Kwasuka amaphepha engasaliphuzanga itiye uMtalaSelwa. UDumazile wasala ezithulisa. Wavuka phansi maqede wazithuntutha, waqonda ekamelweni ukuyozibuka esibukweni.

'Hawu! Le ndoda ingilimaze kanjena? Awubheke manje ihlo liyavuvukala! Angikwazi ukuya emsebenzini nginjena! Awuthi ngishayele umphathi ucingo.' Nebala wabika amanangananga nje. UDumazile wahlala ekhaya kwaze kwabuya umyeni wakhe ntambama.

Yatheleka-ke insizwa kaMsholozi ingasadle nkobe zamuntu. Yayingathukuthele yayibila. Yangena endlini maqede yadlula yayoqhinqa ekamelweni. UDumazile wazibonela ukuthi kufanele ehlele ngezansi. Wacobanga kaningi ukuba amlandele umyeni wakhe. Enye inhlizyo kodwa yayibona ngenye indlela. Ekugcineni wazithola ephoqekile ukuba amlandele umyeni wakhe. Wadudula isicabha, wangena engasangqongqozanga. Wahlala eqhulwini lombhede.

'Manje uhambe emini ngisathi ngiyakuchazela ukuthi uyise kaMtholephi ubeyaphi.' Njengoba uMtalaSelwa wayebheke phansi nje, wamuthi klulu ngeso lengulube umkakhe, wabuye wabheka phansi futhi.

- 11.7 Shono okwenziwa uDumazile okukhombisa ukuthi wayesezincengela kumyeni wakhe. (2)

- 11.8 Xoxa kafushane ngesigameko esithinta isu lokujeqeza emuva elivela emibuzweni kaMtalaselwa kulesi siqeshana mayelana nomlando kaDumazile noSithole. (3)
- 11.9 Chaza ukuthi ukuziphatha komlingiswa onguMaNdovela kuxhumana kanjani nesizinda ngokwesimo senhlalo. Bhekisa impendulo yakho mhla ezwu ukuthi uDumazile ukhulelwe. (2)
- 11.10 Isenzo sikaMtalaselwa sokushaya umkakhe uDumazile kulesi siqeshana siyiggamisa kanjani indikimba yale noveli? Sekela impendulo yakho. (2)
- 11.11 Phawula ngokusetshenziswa kodweshu oluphakathi kukaSithole noMaNzimande ngenkathi bebanga indaba kaDumazile ukuphumelelisa inhloso kaSithole. (3)  
**[25]**

**NOMA**

**UBUCIKO BOMLOMO: *UJU LWEZIZUKULWANE – KL Makhoba***

Phendula umbuzo OWODWA.

**UMBUZO 12 (UMBUZO OMUDE)**

Ubuqhawe nesibindi babuyingxene yamagugu aKwaZulu. Phawula ngendikimba **yobuqhawe nesibindi** uyeyamanise nenganekwane: *Isibindi sikaGala kaNodade Biyela* kanye nezibongo: 'Isiqhingi Sase-Robben Island'. Ubude bempendulo yakho abube inani lamagama elisukela kwangama-340 kuya kwangama-390. Ulindeleke ukuba uphendule lo mbuzo njenge- eseyi.

Impendulo mayibhekiswe kulokhu okulandelayo:

- Ukwethula nokuchaza indikimba.
- Ukuphendula umbuzo ngokuphawula ngendikimba, ukucaphuna nokwesekela ngokwencwadi kusetshenziswa uhlobo ngalunye lobuciko bomlomo olunikeziwe.
- Ukuveza uvo lwakho ngendikimba enikeziwe.

**QAPHELA:** Lobu buciko obubhalwe ngezansi bucashuniwe. Ohlolwayo kulindeleke ukuba impendulo yakhe ngendikimba yenganekwane kanye neyezibongo iveze konke ngalobu buciko.

**INGANEKWANE: *ISIBINDI SIKAGALA KANODADE BIYELA***

Lasukuma iqhawe lakwaBiyela, uGala, 'BoBiyela abahle ngizimisele ukuya esilweni uShaka ngiyocela ukuthi sime isibindi ngokusehlele. Ngizosicela sigwinye itshe ngoba siphelile isizwe sibulawa yindlala.'

Wathi uNsansa ezwa la mazwi, wabaleka naye eshiya umhlangano usaqhubeka. Inkosikazi kaGala yahayiza icela ukuthi abomndeni bazame ukumbonisa uGala ngengozi azobhekana nayo. Akekho obhekana neSilo uShaka asinde. Bakhua abakwaBiyela behluleka. Kwakungelula ukubonisa uGala uma esethathe isinqumo, unguksamukavinjelwa. Ngelanga elilandelayo ekuseni, uGala wayeqephuzi ekhuleka esangweni lasesigodlwani.

'Nodumehlezi kaMenzi! Sesikhale kwaze kwasha namathe ngokukhothama kweNdlovukazi. Gwinya itshe Ndabezitha!' UGala eduduza iSilo uShaka.

'Isizwe sakho Ndaba sesingaze sife siphele? INkosi yami engiyithandayo nengiziqhenyayo ngayo izobusa bani ngoba abantu bayo bafa nsuku zonke? ISilo sizohlasela ngani? Ayaziphephukela ehamba amabutho ngenxa yokudlala indlala. Gwinya itshe Ndabezitha!' Waqhubeka nokubongela iSilo uShaka.

**KANYE**

**IZIBONGO: ISIQHINGI SASE-ROBBEN ISLAND**

- 1       Kwelingafelwa nkonyane idlelo,  
 2       Idlelo lemihlambihlambi.  
 3       Eminye yahamba amasolokohlo,  
 4       Bahal' inhlal' ehlasmulis' umzimba,  
 5       He! Kwehla ngamphimbo munye.  
 6       Izilomo zaphenduk' izaliwakazi,  
 7       Bevez' elomhlath' omaluma bephephetha,  
 8       Ababekhaphel' imihlambi kuwe.
- 9       Babengazi babawelise ngelibanzi,  
 10      Esiqhingini sensinde nobabe  
 11      Lapho zizofika zinamathele khona.  
 12      Phakathi kokubi okwenziwa abenzi  
 13      Omenziwa abakubambele gqubu wena.
- 14      Siqhingikazi esakhulis' imiqondo yamabutho.  
 15      Siqhingikazi esondla izingqalabutho.  
 16      Mbelekazi abawugwansisa ngenzondo.  
 17      Bashaye phansi kwashunqa osiyazi.  
 18      Wena wawudalelw ebunsengwakazi  
 19      Ube ngunondlini wakwethu.  
 20      Namuhla uklezisa izizukulwane,  
 21      Namuhl' azipheli kuwe zivakash' int' engapheli,
- 22      Sengathi kusemakhabonina  
 23      Lapho bayofike bavutshelwe amasi.  
 24      Bengasekho ababeboshwe ngamaketang' obandlululo,  
 25      Bengasekho abayobanjwa ngamatomu engcindezelo,  
 26      Kungasekho bungasekho qha ubugqila.  
 27      Kulesi siqhingi sekusezweni lesethembiso.  
 28      Umhlaba jikelele ungoafakazi.

[25]

**NOMA**

**UMBUZO 13 (UMBUZO OMFUSHANE)****IZINGANEKWANE**

Fundisa lesi siqeshana senganekwane bese uphendula imibuzo elandelayo ngezansi.

**ISIQESHANA A: IKHUBALO LIKAFUKWE**

Ngelinye ilanga umlimi wayegawula izibonda zesivande ehlathini. Ihlathi lalesabeka futhi licinene. Leli hlathi lalidume ngokumumatha izinhlobo eziningi zezilwane. Dukuduku, kwezwakala ubuhhomuhhomu nobufahlafahla obabukhombisa ukuthi kukhona abahamba bexoxa ehlathini. Walalelisa umlimi wezwa ukuthi ngabantu abakhuluma besondela ngakuye. Umlimi wacela empunzini, wacasha otshanini obude ukuze abhekisise kahle angabonwa yilabo abaxoxayo. Wabona izinsizwa ezingafika eshumini zihlome ngezibhamu ezinkulu futhi zime phambi kwedwala elikhulu. Lezi zinsizwa zamemeza zathi:

*'Khubalo likaFukwe!*

*Khubalo legwababa!*

*Vula umnyango!"*

Lavuleka idwala ngokuphazima kweso. Zonke izinsizwa zagulukudela phakathi. Akuthathanga sikhathi eside, zaphuma ngokushesha izinsizwa ziphethe imali egcwele amasaka. Zanyamalala ehlathini lezi zinsizwa, wasala emangele umlimi. Wahlala umlimi esikhundleni esesaba ngisho ukuhabma, phela wayengakaze ayibona imali eningi kangaka. Kwathi sekndlule isikhathi eside izinsizwa zihambile, waphuma otshanini umlimi ehamba sakunyenza. Waqonda edwaleni, lumshaya uvalo, kuvuka namalimi kodwa waziqinisa. Wamemeza ebheke idwala wathi:

- 13.1 Yisho okwabonwa umlimi ngesikhathi ecashe otshanini obude ehlathini kanye nesizathu sokucasha kwakhe. (2)
- 13.2 Qhathanisa okungafani ngokuvezwa komlingiswa ongumlimi kanye nomlingiswa ongusomabhizinisi. (2)
- 13.3 Chaza kafushane ngobunganekwane obethulwa yiculo elitholakala kule nganekwane. (2)
- 13.4 Phawula ngesizinda sale nganekwane ngokwesikhathi. (2)
- 13.5 Chaza ngodweshu lwangaphakathi lwendoda engusomabhizinisi ngesikhathi ingaphakathi edwaleni. (4)
- 13.6 Phawula ngekhono lomlandi ekwethuleni umyalezo (isifundo) emphakathini ngokubhekisa enkingeni eyahlangabezana nayo indoda engusomabhizinisi ngesikhathi ingaphakathi edwaleni. (3)

**KANYE**

**IZINKONDLO ZOMDABU**

Funda izibongo zikaNgcina Mhlophe bese uphendula uphendula imibuzo ezolandela ngezansi.

**IZIBONGO: ZIKAGCINA MHLOPHE**

1	Isihlahla somdlebe esimayikayika,
2	Esiyikazela ngezinhlobonhlobo zezithelo,
3	Ngoba siyikazele ngobuhle be-Afrika.
4	Usihlahla esigabe ngezithelo zaso,
5	Umkhiwane omuhle ongenazimpethu
6	Eminye yoniwa zibungu.
7	Abadla kuso abadeli,
8	<u>Nezithelo zaso azipheli.</u>
9	Usihlahla abaphumula kuso
10	Bamila izimpande.
11	Isihlahla esikhulise
12	Safukamel' izinyoni zase-Afrika,
13	Saye safukamela nezinyoni
14	ZamaJalimane namaNtaliyane,
15	Abadala namancane bethi sixoxele.
16	Isihlahla abasibone eLandane basichelela,
17	NaseNyuvesi yaseThekwini basivukuzela
18	Isihlahla esimpande zaso zisabalele
19	Zinabele kwejulile imithombo.
20	Amaqabunga aso akhephuzela uthando,
21	Sithe singesakwaMhlophe
22	Samane sabamhlophe,
23	Siphethe okumhlophe!

- 13.7 Sizathu sini esenza imbongi ingathekise uGcina Mhlophe ngesihlahla somdlebe esimayikayika emgqeni woku-1? (2)
- 13.8 Chaza kafushane okushiwo yimbongi mayelana noGcina Mhlophe emgqeni wesi-5. (2)
- 13.9 Ukusetshenziswa kokuxhumana okutshekile okusemgqeni we-12 kuya kowe-13 kunamthelela muni ekuqondeni kwakho izibongo zikaGcina Mhlophe? (2)
- 13.10 Mqondo muni ogcizelelwa impindamqondo etholakala emgqeni we-16 nowe-17? (2)
- 13.11 Uyavumelana nombono wokuthi isaga esithi, 'akunsimba yazuza ibuzi ngokuhlala' siyaxhumana nale nezibongo zikaGcina Mhlophe. Sekela impendulo yakho. (2)

[25]

**AMAMAKI ESIQEPU B:** **25**

**ISIQEPHU C: UMDLALO**

Phendula umbuzo OWODWA ngencwadi oyifundile.

**UMBUZO 14 (UMBUZO OMUDE)****KUDELA OWAZIYO – BP Maphumulo**

Xoxa ngesizinda salo mdlalo othi: *Kudela Owaziyo*. Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 kuya kwangama-390. Ulindeleke ukuba uphendule lo mbuzo njenge- eseyi.

Impendulo mayibhekiswe kula maphuzu alandelayo:

- Ukwethula nokuchaza isizinda.
- Ukuphendula umbuzo ngokuxoxa ngesizinda, ukucaphuna nokwesekela ngokwencwadi kusetshenziswa izihlokwana ezinikeziwe.
- Ukuveza uvo lwakho ngesizinda somdlalo.

[25]

**NOMA****UMBUZO 15 (UMBUZO OMFUSHANE)****KUDELA OWAZIYO – BP Maphumulo**

Fundisa lesi siqeshana somdlalo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**ISIQESHANA A**

*(Umsebenzi wokubekwa kwesisekelo sendlu kanye nokukhushulwa kwezindonga ngamabhulokhi uya ngokwenyukela. UChivenga ungu makhi ozimele ongekho ngaphansi kwekontilaki njengoba esebenzisa amathuluzi akhe nje ukuqhuba umsebenzi kanti welekelelwa ngabasizi bakhe abangodaka-bhoyi ukuze umsebenzi usheshe.)*

**CHIVENGA:** *(Ucula ingoma yakhe aze alekelele nangekhwela khathi ethakasela lo msebenzi wakhe oqhubekayo)*  
*Ngithanda seku ... nje ... na, hhobhu sagaxa vila ndini, umsebenz' uyahamb' imal' iyangena, uyadela wen' osuwufezile.*

*(Kuwo lowo myama kwedlule uHlengiwe ngalapho uChivenga ematasatasa khona nomsebenzi wakhe. Ubambelele edanda ubukeka ekhathele. UChivenga aze akhohlwe nayile nto ayenzayo. Ambuke akhexe lo muntu wesifazane.)*

**HLENGIWE:** *(Umangele) Wangigqolozela kangaka mfowethu waze wazinika isineke esikhulu kanjena ngami, ngabe kukhona yini konje lapho ongazela khona kumbe ukhona yini ongifanisa naye?*

CHIVENGA:	<i>(Usikhuluma ubukwerekwere isiZulu)</i> Hhayi ukuthi ngiyakufanisa, ngiyakwazi suster, yize-ke nje phela noma ngingalazi igama lakho ...
HLENGIWE:	<i>(Athinte kancane isikhwehlela)</i> Ake utshele mina-ke wena: wake wangibona kuphi?
CHIVENGA:	<i>(Usikhuluma ubukwerekwere isiZulu)</i> Angikhulumi indaba ekude yasekuthini ngakubonaphi. Ingani izolo lokhu bengimi nawe isikhathi eside ngaphansi kwemipheme erenki yezimoto ethuthela eSamungu elapha kwaSiqumbe eManden? Ngikhumbula nokuthi ingxoxo yethu ize yanqamuka ngoba sekufike lo muntu obonakale esedlathuzela eqonde ngqo ngalapho ebésimi khona ...
HLENGIWE:	<i>(Unqekuzisa ikhanda)</i> Hho! ...

- 15.1 Yikuphi okukhombisa ukuthi uChivenga uvezwe njengomlingiswa owuthakaselayo umsebenzi wakhe ngokwalesi siqeshana? (2)
- 15.2 Beka ngokufingqiwe okwenziwa nguChivenga ngesikhathi ebona kwedlula uHlengiwe okukhombisa udweshu lwangaphakathi. (2)
- 15.3 Chaza ukuthi inkulomo-mpendulwano phakathi kukaChivenga noHlengiwe kulesi siqeshana yagcina inamuphi umphumela empilweni kaHlengiwe. (3)
- 15.4 Ngokwakho ukubona qhaza lini elibanjwe ngumlingiswa onguMbhebhezel i ukuthuthukisa indikimba yokucwasa kulo mdlalo? (3)
- 15.5 Kwakufanele yini umbhali asebenzise amagama akubakaki njalo uma kukhuluma uChivenga? Bhekisa impendulo yakho emagameni akubakaki adwetshelwe. (2)

**KANYE**

Fundisa lesi siqeshana somdlalo bese uphendula imibuzo elandelayo.

### ISIQESHANA B

*(Kusihlwa elawunji lendlu kaMdaluli, itafula selihlobile ngesidlo sakusihlwa. Wonke olapho useqalile usina uyazibethela ugcwalisa ithumbu lakhe. Kuwo nje lowo mnyama kungene uMdaluli esetheli umzimba phansi njengomuntu okhathele kumbe okhathazekile, Emizuzwini embalwa nje umkakhe ebe esewuletha njalo owakhe uphawini wokuya ngasethunjini.)*

MAMLANDULI: *(Uyamoyizela)* Nakho-ke ukudla baba, usungasijoyina-ke nathi esesiphakathi nesidlo.

MDALULI: *(Ngezwi elingenamusa)* Angikufuni!

MAMLANDULI: *(Umangele)* Hhayi-ke, kusha-ke lokhu engikuzwayo ngiyakweshwama mina. Kanti sekukhulunywa kanjalo manje? Uma kuyangoba wesuthi yise kaLondiwe, ubungebe usakhohlisa nje okungenani, ugwaze kabilo kathathu bese uyabonga? Yini ukwenza kwakho kungisolise baba?

MDALULI: *(Ngokufutheka)* Kanti uzwa kanjani wena mfazi? Lisho ukuthini kanti leli gama elithi angifuni? Ngiziphoqe-ke manje ngidle noma isimo singangivumeli? Wangifundekela kangaka nje wena?

MAMLANDULI: *(Usenyukubele ebusweni)* Size singakuvumeli nje isimo ngoba kwenzenjani? Ngabe uqonde ukungitshela ngezindlela eziphansi yini ukuthi okwami ukudla sekuyakucika kukwenyanyise ngoba sekukhona okwalabo abakuphekelayo ekuhambeni okuyisilovela esinomsoco nesehla ngamphimbomunye?

MDALULI: *(Ngezwi elingancengi)* Ungasho okuthandayo mfazi kodwa sengisho ngishilo ngathi angikufuni ukudla. Okwedlula lapho angiboni ukuthi usungangifunza ngenkani ngoba nakhu ufunu ngenze lokhu okuthandwa nguvena kodwa kube kuphambene nentando yami? *(Uyazamula)*

MAMLANDULI: Owami umbuzo uthi yini indaba ungakufuni okwami ukudla ngoba kade kusile nje futhi ubukeka ulambilu unjalo nje? Olunye Iwezimpawu zokulamba ukuzamula lokhu.

- |       |  |     |
|-------|--|-----|
| 15.6  | Ukuguquguquka kwesimo sobuso bukaMaMlanduli kusivezelani ngesimo sokwenzekayo kulesi siqeshana?                            | (2) |
| 15.7  | Chaza kafushane okwenzeka elawunji lendlu kaMdaluli ngokwemiyalezo yokuzokwenzeka enkundleni yokudlalela kulesi siqeshana. | (3) |
| 15.8  | Isenzo sikaMdaluli sokwenqaba ukudla kukaMaMlanduli simveza njengomlingiswa onjani? Sekela impendulo yakho.                | (3) |
| 15.9  | Amagama adwetshelwe enkulumeni kaMdaluli aqukethe yiphi ithoni? Sekela impendulo yakho.                                    | (2) |
| 15.10 | Phawula ngokushesha kwezigameko (isivinini) njengesu elisetshenziswe umbhali kulo mdlalo.                                  | (3) |
- [25]

### NOMA

**UMBUZO 16 (UMBUZO OMUDE)*****AWUWELWA UMNGENI – M Gcumisa***

Xoxa ngesizinda salo mdlalo othi: *Awuwelwa Umngeni*. Impendulo yakho maybe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 kuya kwangama-390. Ulindeleke ukuba uphendule lo mbuzo njenge- eseyi.

Impendulo mayibhekiswe kula maphuzu alandelayo:

- Ukwethula nokuchaza isizinda.
- Ukuphendula umbuzo ngokuxoxa ngesizinda, ukucaphuna nokwesekela kusetshenziswa izihlokwana ezinikeziwe.
- Ukuveza uvo lwakho ngesizinda somdlalo.

[25]

**NOMA****UMBUZO 17 (UMBUZO OMFUSHANE)*****AWUWELWA UMNGENI – M Gcumisa***

Fundisa lesi siqeshana somdlalo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**ISIQESHANA A**

SOMTSEWU: (*Ukhulumu ubhekise kuNongejeni ngokunganaki.*)

NONGEJENI: (*etolika*) Nanxa kungeyona into engiyithandayo ukuba uma umuntu efuna ukubonana nami amane afike nje engangithintanga kuqala, ngokucela uNdabazabantu ukuba amhlelele ngamvumela ukuba angibone, ngizokunika ithuba lokuba ukusho lokho oze ngakho. (*Ebhekise kuSalimani.*) Ngiyacabanga futhi ukuthi udaba oze ngalo ngyialwazi. UNkosana lona uNdabazantu noma uNdabazenu wangixoxela ukuthi uke wathi ufisa ukubonana nami. Lolo udaba ebengisalucubungula. Landa- ke sizwe okhala ngakho.

SALIMANI: Mbusi wesifundazwe. Ngiyabonga nokho ngokuba unginike ithuba lokubonana nawe nanxa bekungahlekile. UNdabazabantu yena kudala ngamthuma ukuba angihlelele ithuba lokuba sibonane nawe ngodaba olubucayi lwezwe likaBaba. Ngokubona kuthi nya- ke ngakuNdabazabantu, nokubona ukuqhube ka kokuba bucayi kwalolu daba, ngibone kungcono ngimane ngizizele mina lapha kuwena.

SOMTSEWU: (*Ukhulumu ubhekise kuNongejeni.*)

NONGEJENI: (*Etolika*) Ngilalele Salimani. Qhubeka.

SALIMANI: Ngilapha nje ngizele ukuzokhala ngibeke isicelo kuMbusi ngodaba engilubikelwe nguNdabazabantu eMshwathi ngokusikwa kwezwe lami athi kuhllongozwa nguHulumeni.

**SOMTSEWU:** (*Ukhulumu ubhekise kuNongejeni.*)

**NONGEJENI:** (*Etolika*) Akunjalo. UHulumeni akazolisika elakho izwe. Azokwenza nokho ukubuyisela kobasi izwe lakhe uHulumeni elaqeshulwa kuyena ozamcolo, kanye nokunqanda izinkinga zabo obasi ezidalwa ngabantu bakho. Lokho uzokwenza ngokuqhelisa umngcele kube nguMkhabela.

**SALIMANI:** Kuyadabukisa nokho ukuthi lolu daba olubucayi ngalolu hlobo siluxoxa engekho amajalimani amapulazi.

- 17.1 Nikeza izizathu EZIMBILI ezenza uSomtsewu avume ukubona uSalimani yize wayengahlelanga naye kuqala ngokwalesi siqeshana? (2)
- 17.2 Beka ngokufingqiwe impendulo kaSomtsewu etolikwa uNongejeni emayelana nokusikwa kwezwe likaSalimani ngokwalesi siqeshana. (2)
- 17.3 Chaza ukuthi inkulumo-mpendulwano phakathi kukaSalimani noSomtsewu kule siqeshana igqamisani ngodaba ahamba ngalo uSalimani. (3)
- 17.4 Ngokwakho ukubona qhaza lini elibanjwe abafowabo bakaSalimani ukuthuthukisa indikimba yezombangazwe yalo mdlalo? (3)
- 17.5 Kwakufanele yini uSomtsewu asebenzise uNongejeni njengotolika yize ayesazi IsiZulu? (2)

### KANYE

Fundisa lesi siqeshana somdlalo bese uphendula imibuzo elandelayo.

## ISIQESHANA B

(Kusemzini weNkosi uSalimani eTsheni. INkosi seyiwutholile umbiko wempi nokuboshwa kwabantu bayo, ngesigijimi ebesisithunywe nguMcondo. Ihlezi kwaMaluzindela. Ichophe iyacwebezela. Ibhince ibheshu layo. Ekhanda ithwele ungiyana. Iphethe isiggobhela sayo. Kuso idane icakula ngentshengula isa emakhaleni, kahle ngesineke. Yelukile ngengqondo.)

MCONDO: (*Ekhuleka phandle.*) Wena kaSigobhe kaLubanjana!  
Wena kaMbabal' egweb'igijima! (*Ekhothama engena kwaMaluzindela.*)

SALIMANI: (*Ephenduka sakwethuka ebheka emnyango.*) Ngena wena kaMashwilansimbi. (*Emamatheka ngothotho lwakhe olumhlophe qwa.*)

MCONDO: Nomadlikidlikana ngokudlikiz' indoda ivunule.  
(*Uqalaza emgibeni wezikhumba ngenhlana kukaSalimani.*)

SALIMANI: Nanko umbhuku ngenhla kwakho mfo kababa.  
(*Emlandela ngamehlo ebuye ebuya naye.*)

MCONDO: Sigoloz' esimehl' abomvu. (*Ehlala ezinza embukwini enaba ephinda imilenze ephatha izihloko zombhuku ngezandla.*)

SALIMANI: (*Eqongqotha intshengula ebuyisela idlelo lakhe endaweni yalo.*) Wacola washeshe waziletha mfowethu. Umlayezo wakho ngamagangangozi enkisimane ufinyelele kimi. Obubathumile bachazile ukuthi nawe uyabalandela. Ungena nighleli lapha ngilindele abanye abafowethu. Sengithumele ukuba bayobizwa kesifikane imilomo siphane nemiqondo ngalolu daba.

BHESWA: Ngwazi! Hlobolophatha! (*Ekhuleka esithumbanjeni.*)

SALIMANI: Ngena ngizwe Madlanduna.

BHESWA: (*Akhokhobe atshobele emnyango.*) Ngwazi!

- 17.6 Kwakubangelwa yini ukuba uMcondo azifikele mathupha emzini wenkosi uSalimani? Bhekisa impendulo yakho kulesi siqeshana (2)
- 17.7 Chaza kafushane indlela inkosi uSalimani ezilungise ngayo ngokwemiyalezo yokuzokwenzeka enkundleni yokudlalela kulesi siqeshana. (3)
- 17.8 Isenzo senkosi uSalimani sokubiza abafowabo emzini wakhe ukuze bazofakana imilomo mayelana nodaba lokuhlaselwa kanye nokuboshwa kwabantu bayo simveza njengomlingiswa onjani? (3)
- 17.9 Amagama adwetshelwe enkulumeni kaSalimani aqukethe yiphi ithoni? Sekela impendulo yakho. (2)
- 17.10 Phawula ngokushesha kwezigameko (isivinini) njengesu elisetshenziswe umbhali kulo mdlalo. (3)

**AMAMAKI ESIQEPU C:**  
**AMAMAKI ESEWONKE:**

25  
80